Kusekuseni kakhulu lapha esiqiwini, uHenny ongomunye wabaqaphi bezilwane uziphuzela itiye lakhe.

Uhlezi lapha endaweni okugcinwa kuyo izilwane ezisencane kuphinde kubhekwe nalezo ezidinga ukunakekelwa. Ulinde kufike udokotela wezilwane.

Udokotela uNosiso ongudokotela wezilwane zasendle,
uvakashele esiqiwini ukuzohlola amazinyane engulule
asanda kuzalwa.

Uthe angaqeda ukuhlola amazinyane, abaqaphi oHenny no-
Ann bawapha ukudla.

Ngesikhathi indiza enophephela emhlane yalapha esiqiwini indiza ihlola isiqiwi, abashayeli bayo babona inkonyane lendlovu lilele phansi. Laliqulekile.

Indiza yeza yazothatha uDokotela uNosiso nomqaphi uHenny yabasa kuleli nkonyane lendlovu.

"Le ndlovu idinga ukuhanjiswa esibhedlela sezilwane ngokushesha!" kusho uDokotela uNosiso.

Abaqaphi babeka inkonyane ohlakeni balifaka endizeni. Yasuka indiza iliphuthumisa esibhedlela.

Kuthe lingathola usizo olusheshayo inkonyane, lahanjiswa endaweni okubhekwa kuyo izilwane ezincane esiqiwini.

"Kubukeka sengathi usuhlale izinsuku ungaphuzi lutho," kusho uHenny ehlebezela inkonyane ngesikhathi elincelisa.

Emva kwamasonto, inkonyane lakhula laba likhulu futhi laba namandla. Laba yindlovu encane egangile eyayithanda ukudlala nabaqaphi ibaqilige.

Lalimthanda kakhulu umqaphi uHenny!

Ngobunye ubusuku kwafika iloli elilethe inkonyane lendlulamithi eligulayo.

Bonke abaqaphi kwakumele basize ukuhambisa leli nkonyane elibuthakathaka endaweni yezilwane ezincane liphephile.

UDokotela uNosiso wabhala phansi imithi edingekayo ukwelapha le ndlulamithi.

Wonke umuntu wayekhathazekile ngalesi silwanyana esasehluleka ngisho nokuma ngezinyawo.

Emva kwezinyangana inkonyane lendlulamithi lakhula laba lide laba namandla.

UHenny waqala ukugibela eladini uma elincelisa.

Maduze nje, lezi zilwane eziphile kahle zizobuyela empilweni yasendle ziyozimela ngokwazo. Kodwa okwamanje, zisajatshuliswa ukudlala ndawonye lapha endaweni yezilwane ezincane.

Izilwane zibalulekile, kanjalo nabaqaphi bazo.